ISITHEMBISO SEQEMBU LENKATHA YENKULULELEKO SOKUTHEMBEKA:

Isithembiso Sokuthembeka

- Ukuhlala ngithembekile kulesisithembiso
- Ukufeza izithembiso esizenza embikweni wamasu esizowasebenzisa (manifesto)
- Ukungahlubuki nesihlalo seQembu ngiye kwelinye iqembu lombusazwe ngesikhathi sokugcogcoma
- Ukungabinayo inkohlakalo nokuvimbela inkohlakalo
- Ukuqiniseka ukuthi kuba nohulumeni ovulekileyo, ohlanganisa nokuhlanganyela umphakathi kuye
- Ukusebenzela umphakathi ngawowonke amandla ethu ekusebenziseni wonke amalungiselelo asezandleni zethu
- Ukuziphatha ngendlela engenakusoleka ezikhundleni zethu nangeziqu zethu

Isithembiso Sokusebenza

- Ukusebenza ngenkuthalo emiphakathini yethu naseMkhandlwini
- Ukusebenzela izidingo zomphakathi
- Ukusebenzisa umgomo ovulekileyo kuwowonke amalungu omphakathi
- Ukuhlanganyela ngenkuthalo emihlanganweni yoMkhandlu nasemihlanganweni yomphakathi
- Ukuba yizwi lomphakathi kuyoyonke imihlangano yoMkhandlu
- Ukubika ngazozonke izikhathi emphakathini ngentuthuko eMkhandlwini nangezindaba ezithinta impilo yamalungu omphakathi

Isithembiso Sokwethula Izinsiza Zomphakathi

- Ukubeka intuthuko phambili endaweni emelweyo nasemphakathini nje jikelele
- Ukuletha usizo emikhakheni yomphakathi esebucayini obukhulu, okuhlanganisa nabantu abadala, izingane nalabo abathintwe yubhubhane lwesifo sengculaza
- Ukukhuthaza ukulethwa kosizo lokulwa nobubha
- Ukuqiniseka ngokwethulwa kwezinsiza eziyisisekelo, ezifana namanzi, ugesi, imigwaqo nokuthuthwa kokungcola, njalonjalo
- Ukukhuthaza ukudalwa kwamathuba emisebenzi
- Ukuhlelela umphakathi ukuba ukwazi ukufinyelela osizweni lukahulumeni
- Ukuhlelela ukuba umphakathi ofaneleyo ufumane zonke izimali zosizo ezivela kuhulumeni, ezihlanganisa izimali ezikhokhelwa izingane, abakhubazekileyo nabantu abadala, njalonjalo.

Isithembiso esingafezwa kasinalusizo lwalutho. Ngakho iQembu LeNkatha Yenkululeko lizinikela ekuqinisekeni ukuthi bonke abalimeleyo kuhulumeni wasekhaya – abaqokelwe ukumela ukhetho nabakhethwe njengamakhansela – bagcina lesisithembiso. Ukuze kufezeke lokhu, sithembisa:

- Ukusungula uhlelo lokwelusa ukusebenza kwamakhansela eQembu LeNkatha Yenkululeko ukuze kube nesiqiniseko sokuthi asebenza ngokulandela isithembiso sawo
- Ukuphenya zonke izenzo zenkohlakalo ezibhekiswe emakhanseleni ethu ezibikwa ngokubhala ziqondiswe ku-IFP Political Oversight Committee, P O Box Box 4432 DURBAN 4000 noma ezithunyelwa ngocingo lwe-fax kulenombolo (031) – 307 4964
- Ukuthatha izinyathelo ngokushesha nangokunganqikazi uma kukhona amakhansela ethu alahlwa ngamacala enkohlakalo
- Ukudala uhlelo lokuhlaba umkhosi kusenesikhathi uma kunemikhandlu engasebenziyo ngendlela efaneleyo
- Ukuchitha amakhansela angayi emihlanganweni yoMkhandlu nasemihlanganweni yomphakathi
- Ukuchitha amakhansela angayisebenzeliyo imiphakathi yawo
- Ukuqiniseka ukuthi izinga lalabo abasimeleyo okhethweni liphezulu kunawowonke

MANJE yisikhathi sokuba sisukume kubonakale esikwenzayo. **MANJE** yisikhathi sokuhlaba umkhosi nxa kunokuvilapha, ukuntuleka kwekhono nenkohlakalo kuhulumeni. Ungabi yinkubele yohlelo: luguqule ukuze lwenze njengoba kufuna **WENA**.

"Khethela bonke abantu okungcono: Votela iQembu LeNkatha Yenkululeko"

Published by the Inkatha Freedom Party - 2 Durban Club Place, Durban

ISITHEMBISO SEQEMBU LENKATHA YENKULULELEKO SOKUTHEMBEKA, UKUSEBENZA NOKWETHULA IZINSIZAKALO EMPHAKATHINI KUHULUMENI WASEKHAYA

“Ukunikeza abantu amandla” – selokhu kwathi nhlo kuyisisekelo somqondo weQembu LeNkatha Yenkululeko ukuba abantu baziphathele bona impilo yabo ngezinga eligcwele ngokungenzeka ezingeni lasekhaya nokuba bahlinzekwe ngamandla okwenza lokho ngempumelelo. Yingakho nje izindaba zikahulumeni wasekhaya, intando yeningi komasipala, imisebenzi yomasipala kanye nezimiso zomasipala kubaluleke kangaka.

Kusukela ngo-1994, abavoti sebenokudideka okukhulu ngohlelo lokubusa, okuthi ngenkathi kusizakala ngalo abantu abanabantu ababaziyo ezindaweni zombusazwe ezifaneleyo, lungalenzeli okweneleyo iningi labantu abampofu ngempela. Uma wengeza kulokhu ukukhula kwenkohlakalo, ukuvama kokuntuleka kwekhono, ukugcogcoma kanye nekwankwa engenelisekiyo yabaholi abathile bezombusazwe yokuzihlumisa, kubalula ukubona ukuthi kungani uquqaba lwabantu bevamise ukubona ukuthi kakusizi kangakho ukuvota.

Kepha ukhetho lukahulumeni wasekhaya yilo oluyindlela yokuguqula konke lokhu. Ukuvotela abantu abethembekileyo, abaziwayo nabahlonishwayo emphakathini ukuba bamele ukhetho nokuqiniseka ukuthi bakumela ngokuyikho emkhandlwini wakho, yikho okubaluleke kakhulu ukubuyisela amandla ezandleni zakho.

IQembu LeNkatha Yenkululeko lizinikele ekusebenzeleni izidingo zakho ngokugxila ekuzinikeleni, ukusebenza, ukwethula izinsiza zomphakathi kanye nohulumeni wasekhaya okuhlanganyela umphakathi kuye. Ngakho sethula isithembiso sethu sokuthembeka, ukusebenza nokwethula izinsiza emphakathini.

Prince Mangosuthu Buthelezi,
IFP President